



**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE
YOKUVULA IRENKI YAMATEKISI MHLAKA 28 NOVEMBER 2007-
EMBUMBULU**

Ngibanibingelela nonke.

- Ayikho into engenza ngijabule njengokuba yingxenye yokulethwa kwemisebenzi yengqalasizinda ezokuba nomthelela ekuguqulweni kwezimpilo zabantu bakithi.
- KwaZulu-Natal naseNingizimu Afrika yonke, sisabhekene nesimo lapho ukuhlelwa kwamadolobha kwaphambilini bekungazihlinzeki ngokwenele izithuthi zomphakathi. Lona kusengumsebenzi omasipala bethu okumele bawubheke ekuhleleni ukusebenza kwezithuthi zomphakathi, ekuthuthukisweni kwengqalasizinda nasekusetshenzisweni komhlaba.
- Njengohulumeni, asizikhohlisi nakancane ngobukhulu bomsebenzi osihlalele nesibopho esinaso sokuqinisekisa ukuthi uhlelo lwezokuthutha umphakathi luhambisana nemigomo kwazwelonke futhi lube negalelo ekuthuthukisweni nokukhuliswa komnotho.

- Ngakho-ke, ukuvulwa kwale renki namhlanje kufakazela kona ukuzibophezela kwethu njengohulumeni, ekwakhiweni kohlelo lwezokuthutha umphakathi olusebenza kahle ngesikhathi esifanele, noluhambisana ngokuphelele nezidingo zabantu bakithi.
- Ezokuthuthwa komphakathi zingathuthuka kuphela uma sisebenza ngokubambisana. Nakuba kuyiqiniso ukuthi uhulumeni unomsebenzi wokubeka imithetho elawula imboni nokuqinisekisa ukuthi imigomo iyalandelwa, imiphakathi nayo kumele iqinisekise ukuthi abanikazi bemboni basebenza ngendlela evumelana nabagibeli.
- Uhulumeni wethu wentando yeningi uzibophezele ekusebenzeni ngendlela evumela abantu ukuba bazinqumele ukuthi yiziphi izidingo okumele zibekwe phambili, noma kwezokuthuthwa komphakathi noma kwezokuphepha emgwaqeni noma ekwakhiweni kwemigwaqo.
- Kungalesi sizathu uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal usanda kusungula isakhiwo sabagibeli esifundazweni, iKwaZulu-Natal Public Transport Passenger Association. Lesi sakhiwo sesifundazwe siza ngemuva kokusungulwa kososeshini bezindawo abasungulwe esifundazweni sonke.
- Njengoba siyisifundazwe esibuye sihlaselwe udlame lwamatekisi, usoseshini wabagibeli uzokuba negalelo elikhulu ekudaleni ukubuyisana nokuthula. Bazogqogquzela ukuphepha kwabagibeli benze ngcono ubudlelwane phakathi kwemboni nomphakathi wonkana.

- Okusempeleni nje, wonke umuntu ongumgibeli uba ngohamba ngezinyawo emgwaqeni ngaphambili nangemuva kokugibela itekisi. Ngakho-ke, ngabe angenzi ubulungiswa kunina nakumina uqobo uma ngingayithinti indaba enkulu yokufa kwabantu abahamba ngezinyawo okuhlasele emigwaqeni yaKwaZulu-Natal.
- Izibalo zikhomba ukuthi imbangela enkulu yokufa kwabahamba ngezinyawo ngukuba wuvanzi emgwaqeni, ukuhamba nokuwela emgwaqeni onguthelawayeka nokuhamba emgwaqeni udakiwe. Mina ngikhohwa ngukuthi uma sihlonipha le mitheshwana esiyithatha njengemincane, kungasinda izimpilo eziningi kabi zabahamba ngezinyawo.
- Njengamanje sisemkhankasweni onzima wokufundisa nokuqwashisa ngokuphepha emgwaqeni ukuze kuqine izindlela zokuxhumana nokuthi kuguqulwe imiqondo yabahamba ngezinyawo. Sesisebenzisana nosaziwayo njengoDJ namaqembu ebhola eniwathandayo abasisiza ukusabalalisa umyalezo wokuphepha emgwaqeni.
- Lapha KwaZulu-Natal, ibhola lezinyawo lihlale liyindlela yokuhlanganisa abantu. Ukuza kweNdebe yoMhlaba ka-2010 nako sekulikhuphule kakhulu isasasa lebhola, kwakhula kakhulu nesibalo sabalandeli bebhola esifundazweni, kuwo wonke amazanga emphakathini.

- UMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal nabadlali bamaqembu abambe iqhaza – Amazulu, iGolden Arrows, iKaizer Chiefs ne-Orlando Pirates – bazosabalalisa umyalezo wezokuphepha emgwaqeni emidlalweni ethile yePSL KwaZulu-Natal, nasemidlalweni yebhola yamaqembu asemiphakathini ezindaweni ezinezingozi nasezinxanxatheleni zezitolo, emathaveni nasezikoleni.
- Kumele zishayelwe ihlombe izinyathelo esizithathayo njengezinhlaka ezibambe iqhaza nemiphakathi yonkana okuwumnikelo emsebenzini wokwenza ngcono ezokuthuthwa komphakathi. Yebo, zisekhona izinselelo ezingasenza sidideke, kodwa sizimisele ukuya phambili noma kunjani.
- Mangiphethe ngokunihalalisela ngale renki yenu entsha, ngethemba ukuthi izokuba yisakhiwo esibalulekile esinosizo lapho kuzohlomula khona umphakathi wonke wale ndawo.
- Khumbula lokhu:
 - Bheka kwesokudla, bheka kwesokunxele, bheka kwesokudla futhi ngaphambi kokuwela umgwaqo.
 - Kuyingozi futhi kuyicala ukuhamba ngezinyawo emgwaqeni onguthelawayeka.
 - Gwema umgwaqo njalo uma udakiwe.
 - Bonakala, uphephe. Gqoka izingubo ezigqamile, ikakhulukazi ebusuku.
 - Hamba ubheke izimoto ophambana nazo.
 - Phila wenze nabanye baphile.

Ngiyabonga.